# LUHAMBA NGONONINA ELOMNYANGO LOKUZIKHIQIZELA IMBEWU

LUQHUBEKA ngokohlelo uhlelo loMnyango weZolikmo noKuthuthukiswa kweZindawa zaseMakhaya lokukhiqiza izithombo nembewu nezitshalo kokulekelela abalimi abancane nabazondla bona.

Ngezinhlelo zikahulumeni nowesifundazwe zokulungisa umonakalo owenziwa wuhulumeni wobandlululo, uhulumeni wentando yabantu unezinhlelo zokufukula abantu ezinjengeRadical Agrarian Soci-economic Transformation ukuhlinzeka usizo oluphelele kubalimi abamnyama oluhlanganisa ukwaba imbewu, umanyolo namakhemikhali.

UmNyango unengqalasizinda enjengeminyango nezinhlelo ukwenza lo msebenzi wokufukula abantu. Kulo msebenzi unezikhungo zocwaningo. Lezi zikhungo zocwaningo, umNyango uhlose ukuthi zibe yizizinda zocwaningo oluseqophelweni eliphezulu ezingeni lomhlaba.

Ngenxa yalokhu i-KZN Agricultural Masterplan isimelele ukusungulwa kwezinhlelo zokukhiqizwa kwempahla ezibekwe phambili eziyisithupha



okubalwa kuzona inyama ebomvu, inyama emhlophe, okusanhlamvu, i-horticulture, umoba, ukotini newuli.

Phambilini uNgqongqoshe ezweni lonke uNkk Thoko Didiza wathi nakuba abalimi abamnyama bekhule ngamaphesenti angu-11 emnothweni wezolimo kodwa baseneqhaza elincane emnothweni wezwe wezolimo.

Umnyango wesifundazwe wenza umsebenzi ukulungisa lesi simo ngoPhiko lokwenza uCwaningo Lwezitshalo, ukucungula imiphumela yocwaningo, ukusebenzisa ucwaningo kuhulumeni, abalingani obambisene nabokuqala nabalimi. Konke lokhu ukwenza ngokwezinhlelo ezivele zikhona.

UmNyango uhlose ukusebenzisa izikhungo ezinhlanu. Kulo nyaka umNyango uzoqala ukusebenzisa isikhungo iMakhathini, kanti kuzophuthunyiswa ukwakha ezimbili eCedara naseDundee.

UDokotela Fikile Qwabe umqondisi we-Agricultural Crop Research Services, enezinhlaka ezintathu i-Crop Scientific Research Services, Analytical Services ne-Farming system Research Services, uthi umsebenzi abawunikwa nguNgqongqoshe womnyango uNkk Bongi Sithole-Moloi, ejutshwe nguNdunankulu uMnu Sihle Zikala, qhubeka



kahle.

UNdunankulu wahlaba ikhwelo elithi lomhla ka-9 Julayi 2019 lokuzikhiqizela imbewu yayo iphinde ithuthukise izindawo zokukhulisa imbewu emakolishi nasezikhungweni zoCwaningo ukuze behlinzeke ngokudla okwanele, bahlinzeke abamnyama abangabalimi ngembewu nolunye usizo.

Icebo le-DARD ukweseka ukuba nokudla kanye nomsoco owanele, ukudala amathuba omsebenzi azosiza kakhulu abantu abasha abaphila nokukhubazeka nabaneziqu zezolimo kodwa abangasebenzi. Ukukhuthaza ukusimama emakhaya, imbewu iwona khiye wokuthi sibe nokudla okwanele, angeke sibe nakho ukudla okwanele ngaphandle kwembewu. Akuhlanganiswe ulwazi lokukhiqiza kwembewu ngokomdabu kanye nendlela yezolimo ejwayelekile.

Kulo msebenzi kubalwa ukuhlinzeka ngohlobo lwembewu hlukene oluzosetshenziswa ngabalimi abehlukene, ukusabalalisa imbewu ikakhulukazi yohlobo olunempova ngendlela engambi eqolo ngokulawulwa yimigomo yePIA neyeSANSOR.

Ukufeza lomsebenzi uDkt uQwabe uthi: "I-Plant Breeding izobhekana nokukhiqizwa kwembewu, isicele kwengezwe ngezinyosi esakhiweni se-Agricultural Crop Research Services.

Ukwenza ngcono inqgalasizinda yezocwaningo ukuze ikwazi ukufaka ukukhiqizwa kwembewu, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yokwenza imbewu nokubekwa kwayo.

Uqhube wathi: "Ukuqashwa kwabantu abafundele ukukhiqiza imbewu kusaqhubeka, okwamanje uhlelo lusaphethwe abasebenzi bezitshalo abanamakhono afanele abekade bevele bekhona. Isikhathi sokusebenza esengeziwe sibekiwe ukuze kukhokhelwe ukuqhubeka komsebenze kuze.

Kuzovunwa, kubekwe ngononina, kuhlolwe futhi kupakishwe imbewu kuzokwenziwa ezikhungweni nangaphandle ngabantu abazimele," kusho yena.

Izindawo ezizokhiqiza imbewu yiMakhathini, iDundee, iKokstad Research Stations.

Ukusatshalaliswa kwezithombo kuzoqala ngenkathi ebusika ngonyaka wezimali 2022/23. Lo msebenzi uzokwenza ngesabelo esibelwe iminyaka emithathu esiphakathi kukaR8 kuya kuR12 million.